



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Leli phepha linamakhasi ayisi-8.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha ilomi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo,lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi kwimpendulo yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
  - A. Uthoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

**UMBUZO 1**

- 1.1 1.1.1 Iwashi eliphanyekwe odongeni kanye nelifakwa esandleni lisifundisa ukuthi umsebenzi onikwe wona kumele uwenze uwuqede ngesikhathi ngoba isikhathi esilahlekile asibuyeli emuva.√√ (2)
- 1.1.2 Yingoba ngesikhathi sezivivinyo abafundi babamba beyeka ngoba besuke bengafundanga kusenesikhathi.√√ (2)
- 1.1.3 Imiqondo eshayisanayo eyokuthi kunabantu abasazisayo isikhathi abenza izinto eziningi ngesikhathi esincane√ bese kubakhona labo abangenandaba nesikhathi abenza izinto ngokukhululeka bethi nabo bayogcina beqedile.√ (2)
- 1.1.4 Umvuzo wabantu abenza izinto kusenesikhathi ngowokuthi bayaphumelela futhi bathola ithuba lokubuyela emuva balungise amaphutha abo ngaphandle kwengcindezi. √ Bahlela ngisho nesikhathi sokuvakasha.√ (2)
- 1.1.5 D- Kusengenzeka aguqule umqondo.√ (1)
- 1.1.6 Ibinzana lamagama adwetshelwe esigabeni sesi-8 lichaza ukuthi isikhathi esidlulile empilweni ngeke sisabuyela kusona.√√ (nezinye izimpendulo) (2)
- 1.1.7 Kungakwenza ubukeke njengomuntu othembekile ,owukhathalele, ozihloniphayo futhi owuthandayo umsebenzi ozohlololwa wona.√√ (2)
- 1.1.8 Kuba nemfudumalo nothando ekhaya.√ Umndeni uthola isikhathi sokuxoxisana nokuxazulula izinkinga uma zikhona lokho okugcina senazana kangcono ningumndeni.√√ (3)
- 1.1.9 Isimo sokukhuluma esidwetshwele sisho ukuthi isikhathi esidlulile ngeke usakwazi ukusibuyisa. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi uma into kuthiwa yenze kumele uyenze ngaleso sikhathi ngoba kungenzeka ukuba ungabe usasithola isikhathi sokubuyela emuva uyenze leyo nto.√√ (2)
- 1.1.10 Isixazululo esingalekelela abafundi ukwenza umsebenzi wabo wesikole kusenesikhathi kungaba ukuba bafunde kusenesikhathi esanele bangalitshaziswa ngomabonakude nokungena ezinkundleni zokuxhumana./Bangakugwema ukuzula nemishungu yabangane abangenandaba nemfundo.√√ (nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 1.2 1.2.1 Yingoba isikhathi sokuvakasha akuyona into ebalulekile empilweni yalo owaba isikhathi.√√ (1)
- 1.2.2 Igrafu ichaza ukwabiwa kwesikhathi sempilo ngamaphesenti ahlukene.√ (1)

- 1.2.3 Nakuba kubalulekile ukuba umuntu abe naso isikhathi sokwenza izinto azithandayo/sokuqeda isizungu kepha imfundo yiyona okumele ibe nesikhathi esithe xaxa kunesokuzijabulisa.√√ (2)
- 1.2.4 Embhalweni A kuyavela ukuthi kubalulekile ukuhleleka wenze izinto isikhathi sisekhona ukuze ungabi nengcindezi.√ kanti embhalweni B esithombeni sesithathu kuyavela ukuthi lo muntu usexakekile ufisa sengathi isikhathi singama noma sibuyele emuva ngoba akazange enze izinto ngesikhathi esifanele.√Ngakho-ke kungaba nomphumela omubi ekusaseni lomuntu√ ukungenzi izinto ngesikhathi ngoba uhlezi esalela emuva noma esesola abanye abantu ngokungaphumeleli kwakhe.√ (4)
- 1.2.5 Isizathu sokufakwa kwewashi kanye nemali esithombeni sesibili kusho ukuthi uma usebenzisa isikhathi ngendlela efanelekile kuba nomvuzo omuhle empilweni.√Ngakho-ke umuntu kufanele aqonde ukuthi imali iyahambisana nesikhathi osisebenzayo.√ (2)

**[10]****AMAMAKI ESIQEPHU A:****30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

<b>AMAPHUZU ACASHUNIWE</b>		<b>AMAPHUZU OWABEKE NGAMAGAMA AKHO</b>	
1	'Umzali makayale ingane ukuba ikhethe izifundo ezithandayo nephumelela kangcono kuzona'.	1	Kubalulekile ukuba umzali eluleke ingane ukuba ikhethe izifundo eyenza kahle kuzona.
2	'Izifundo ezizokhethwa yingane azihambelane nekhono enalo empilweni'.	2	Akube khona ubudlelwane phakathi kwezifundo ezikhethwe yingane kanye nekhono enalo empilweni.
3	'Kubalulekile ukuba umzali azinikeze isikhathi esanele sokubheka izincwadi zengane yakhe'.	3	Umzali makakhuthalele ukubheka umsebenzi wesikole wengane yakhe ukuze ayikhuthaze.
4	'Qaphela ingozi yokuthi ingane yakho ikhethe izifundo ngokududana nabangani'.	4	Ingane yakho idinga ukuxwayisa ngenkinga engabakhona uma ikhetha izifundo ilandela abangane bayo.
5	'Umzali kumele athengele ingane yakhe zonke izinto nezincwadi eziyizinsiza kufunda zomkhakha ewukhethile'.	5	Izidingo ezingaba izincwadi nokunye kokufunda kufanele umzali akuthenge ukuze ingane ifunde kahle lezo zifundo.
6	'Umzali makabe nobudlelwane obuhle nothisha bengane ukuze azi kangcono ngenqubekela phambili yengane yakhe'.	6	Xhumana njalo nothisha bengane yakho ukuze uhlale wazi ukuthi yenza kanjani esikoleni.
7	'Umzali makalalele uma ingane imutshela ngefisa ukuba yikho bese eyeseka ezifisweni zayo'.	7	Kusemqoka ukuthi umzali alalele futhi aseke izifiso zengane yakhe.

**NOMA**

Kubalulekile ukuba umzali asazi isiphiwo sengane yakhe nezifundo eyenza kahle kuzona khona ezoyinika izeluleko zokukhetha izifundo ezihambisana nobunjalo bayo. Umzali kungamsiza ukungaziqhelelanisi nomsebenzi wengane kepha awuhlale ukuthi wenziwe ngendlela efanele yini. Umzali angayiqwashisa nangenkinga engaba khona uma yenza izifundo ilandela abangane bayo. Kubalulekile ukuba izidingo nezimfanelo zesikole zezifundo lezo ezifundwa ingane umzali azithenge. Kungumkhuba omuhle ukuxhumana nabafundisi bengane yakhe ukuze ezwe ukuthi yenza kanjani esikoleni. Ukulalela ingane komzali uma isho izifiso zayo kubalulekile ukuze ayinike usizo. **(inani lamagama-77)**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**INDLELA YOKUMAKA UKUFINGQA**

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - amamaki ama-3 awolimi.
  - amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma bahlolwayo besebenzise amagama abo KANYE namagama acashuniwe esiqeshini:**
  - 1–3 amaphuzu acashuniwe **KANYE** namaphuzu ama-3-4 esebenzisa amagama akhe: nikeza amamaki ama-3 olimini.
  - 4–5 amaphuzu acashuniwe **KANYE** namaphuzu ama-2 esebenzisa amagama akhe: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6 amaphuzu acashuniwe **KANYE** nephuzu eli-1 esebenzisa amagama akhe: nikeza imaki eli-1 olimini. olimini.
  - 7 amaphuzu acashuniwe: nikeza imaki eliyi-0 olimini.

**QAPHELA:**

- **Isakhiwo:**  
Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele sihlolwe.
- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenziwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo ege ngawo.

**Amakhodi okumaka ukufingqa****Ohumushile kuphela**

H-1/2/3	H-4/5	H-6/7
C-0	C-0	C-0
L-1	L-2	L-3
= 2/3/4	= 6/7	= 9/10

**Okucashuniwe**

H-0	H-0	H-0	H-0	H-0	H-0	H-0
C-1	C-2	C-3	C-4	C-5	C-6	C-7
L-0	L-0	L-0	L-0	L-0	L-0	L-0
=1	=2	=3	=4	=5	=6	=7

**Okuxubile**

H-4	H-2	H-1	H-0
C-3	C-5	C-6	C-7
L-3	L-2	L-1	L-0
= 10	= 9	= 8	= 7

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI****INDLELA YOKUMAKA:****1. ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:**

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
  - Uma izimpendulo zingumusho opholele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
  - Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.
2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.
3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: A. UThoko noma A (okuwuhlamvu oluphelele)

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

- 3.1 Ukusiza labo abasebenzisa izidakamizwa ukuthi bazi ngalo mkhiqizo ithemba lokuphila/ukuba bawuthenge.√ (1)
- 3.2 Kusetshenziswe izindlela zokuxhumana zesimanje ezifana ne- facebook kanye ne-website okusheshayo ngoba isebenzisa i-internet kanye neposi.√ Yingoba kwenzelwa ukuthi wonke umuntu akwazi ukuxhumana nale nkampani ngendlela yokuxhumana ayijwayele.√√ (3)
- 3.3 Utshwa-la.√ (1)
- 3.4 Umkhangisi usebenzise ulimi olunxenxayo√ oluzoheha abantu abasebenzisa izidakamizwa√ ukuze basizakale uma besebenzisa la maphilisi.√ (3)
- 3.5 Uphawu lusebenze kahle ngoba lukhombisa ukuthi uma unezinkinga zezidakamizwa eziqine njengeketango zingakwazi ukusombululeka zilapheke.√√ (2)
- [10]**

**UMBUZO 4**

- 4.1 Yingoba ubonisa intukuthelo eyenziwa udokotela uma ekhipha izinyo esigulini sakhe. √√ (2)
- 4.2 Inkulumo iveza ukuthi isiguli asibuzwa ubuhlungu ekubeni isiguli sesihlahle amehlo savula nomlomo nezinyo laziqhashela okukhombisa ukuthi siyabuzwa ubuhlungu.√√ (2)

- 4.3 Luhambisana kahle ngoba isiguli sizwa ubuhlungu kangangoba sesikhiphe amehlo sikhamsile kanti nezinyo selize laqhasha.√√ (2)
- 4.4 Umdwebi wale khathuni udlulisa umyalezo wokuthi akumele uye kunoma imuphi udokotela uma ugula qala wenze ucwaningo olunzulu ngaye. (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa)√√ (2)
- 4.5 Lokhu okwenzeka kule khathuni kunehaba kodwa kudlulisa umyalezo othize. Ngalokho akudingekile ukuba ikholeke okubhekwayo umyalezo owedluliswayo.√√ (2)  
**[10]**

**UMBUZO 5**

- 5.1 Amadambi/Amagcumane/Amanteku asechibini langakithi ashile.√√ (2)
- 5.2 Amakhosikazi aphuza amahewu.√ (1)
- 5.3 Ukungavinjwa yilutho√  
Senze umsebenzi wokukhanyisa isimo√ (2)
- 5.4 Kungefudumalise umhlaba.√ (1)
- 5.5 Umama kaThabani wayemkhuza ngobugebengu bakhe kodwa uThabani wangalalela wagcina edutshulwe ngamaphoyisa kwazise ukuthi amaphikankani afela enkanini.√√ (2)
- 5.6 5.6.1 Umusho omkhulu - Lokhu kushisa kuyayibulala indalo.√ (1)
- 5.6.2 Umshwana okhonzile ochazayo - okukhuphuka kancane.√ (1)  
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**